



## agriculture & rural development

Department:  
Agriculture and Rural Development  
**PROVINCE OF KWAZULU-NATAL**

ILANGA LANGESONTO > MARCH 18, 2018

6

# Uyaziqhelelanisa umndeni kolwepulazi

Umnikazi wepulazi ufisa ukuyovela emndenini wobulewe

**NONHLAKANIPHO SHINGA**

**U**BENGUMUNTU othulayo, ongathandi ukulwa owesilisa waseMlalazi endaweni ebizwa nge-17, uMnu Siphamandla Xulu, odutshulwe amahlandla amabili washona ekuqaleni kwaleli sonto kwenye lamapulazi omoba akule ndawo.

Lokhu kuvezwe wumndeni kamufi engxoxweni ekhethkile nali phephandaba ngesikhathi liva-kashele kubo ngoLwesihlanu.

Kuthiwa ubengumuntu obejhlopipha abazali bakhe ngendlela eyisimanga - ngisho umuntu abehlekisana naye kabamazi yize ebensesminyanya engama-30 kodwa ubesabafihlele abazali.

Udaba lokushona kukaMnu Xulu, okuthiwa ubedume ngelikaga-fist kubangani bakhe, lushukumise umphakathi waseMlalazi njengoba uze wathatha isinqumo sokuhlasela epulazini lomoba eliseduze kwakubo kamufi.

Kubikwa ukuthi udutshulwe nge-munye wonogada abamfice kuleli pulazi emba iminyundu elungise-lela ukuyodoba edamini elingaphakathi epulazini.

Umndeni kaMnu Xulu utsheleli phephandaba ukuthi wona uyaziqhelelanisa nesenzo sokushiswa kwepulazi ngoba kawazi ukuthi lishiswe ngobani nokuthi bekwenzenjanji.

"Thina njengomndeni kamufi kasikwazi ukukhuluma ngento esi-



UBENGUMUNTU ongathandi ukulwa uMnu Siphamandla Xulu, odutshulwe washona kwelinje lamapulazi omoba eMlalazi.

ngabandakanyeki kuyona nesingayazi ukuthi isuke kanjani. Sibone kusha nje, asazi ukuthi bekwenzenjanji," kusho uNkz Thando Xulu olamana nomufi.

Unina, uNkk Ntombizodwa Xulu, ubekhuluma abuye azemboze nge-njungubo ebusweni, ebonakala nje ukuthi uphithene ikhandu.

"Namajane kunzima ukukholwa wukuthi into enje yenzeke enganeni yami ingonanga lutho. Ngabe ngiyaqonda ukuba kukhona icala alenizile nomax kuthiwe ubanjwe enecala waboshwa.

"Ukululawa kwakhe engenze lutho futhi engapethe Sikhali kuyangilimaza kakhulu enhliziyeweni," kusho yena eveza nokuthi selokhu kwenzekile lesi sigameko aka-kwazi ukulala, nokudla.

Indlela lo mndeni ochaza ngayo umufi uthi ubengumuntu onokuthula okuyisisimanga - mhlawumbe ubuzosheshe uxolise izinhliziyo ukube ushone engozini yemoto kodwa ukubulawa ngalesi sihluku

kuyawethusa ngoba uyamazi ukuthi ubengeyena umuntu onodlame.

"Ubhuti ubengamphenduli ngisho umama uma emthethisa yize noma bekunguyena omdala. Kwathina besithi uma sixabane naye njengezingane zamantombazane ubevele aphume ahambae ngoba ukuphakamisela omunye umuntu izwi ubengakwazi," kusho udadewabo uLerato.

Kuthiwa kuyinto ejwayelekile ukuba amalungu omphakathi ayodoba edamini elikuleli pulazi, futhi kunendlela enqamulelayo eya edolobheni edabula ngaphakathi kulo njengoba lingabiyiwe.

Kukholakala ukuthi amalungu omphakathi ebezitshela ukuthi umnikazi waleli pulazi ngothile omhlophe kanti ngumuntu omnyama.

UDkt Fikile Christian Qhoboshiyane, ongumnikazi walo, kuthiwa useseneminyaka eyi-14 ali-thenga. Kusolakala ukuthi amalungu omphakathi adidwe wukuthi liphethwe ngomhlophe oqashwe nguDtk Qhoboshiyane, azitshela ukuthi ngelakhe (umlungu).

UDkt Qhoboshiyane uvumile ukuthi ungumnikazi wepulazi. Uthi ulithenge ngowezi-2004, kodwa lenganyelwe ngomunye amqashile.

Uqhube wathi bafisa ukuyovela emndenini wakwaXulu, kodwa ba-zolinda umasipala kube yiwo oqhuba lolo hlelo. Ucacise nokuthi uno-gada akaqashiwe yipulazi lakhe kodwa uqashwe yinkampani yonogada egada wonke amapulazi endaweni.